

USARS UCELA ABAQASHI BAGCINE USUKU OLUNGUMNQAMULAJUQU

Tshwane, ngoLwesibili, 25 kuNhlaba 2021 – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) lunxusa bonke abaqashi ukuba bathobele izibophezelo zabo zomthetho mayelana nesiKhathi sokuBuyiswa kwamaphepha entela aminyaka yonke ngosuku olungumnqamulajuqu umhla zingama-31 kuNhlaba ukuze bagweme izinhlawulo, inzalo kanye/noma ukubhekana namacala obugebengu.

Abaqashi kumele bathumele ukuDalulwa kweNhlolosimozimali koMqashi (i-EMP501) kwa-SARS, kanjalo nokudalula kwanyanga zonke okusilele (ama-EMP201) kanye nokuhlanganiswa kwamabhuku konyaka (i-EMP501).

Izinkokhelo ze-Pay-As-You-Earn (i-PAYE) kumele zibe sezenziwe zonke kanti neminingo ye-IRP5/IT3(a) ehlinzekwe uSARS kumele ibe msulwa futhi ishaye emhlohleni. Imininingo eyiqiniso ibalulekile ukuze uSARS akwazi ukuhlanganisa amaphepha ngaphambi kwesikhathi bakwazi nokusebenzisa uhlelo lokuhlola oluzenzekelayo kubakhokhintela abahlonziwe ngendlela eyiqiniso. Imininingo eyiqiniso ibalulekile lapho abakhokhintela kumele bathumele amaphepha entela, okubenza bakwazi ukwenza lokhu ngolwazi oluyiqiniso ngesikhathi sokubuyiswa kwamaphepha entela yomuntu siqu, okuqala mhla lu-1 kuNtulikazi.

USARS unxenxa izisebenzi ukuba zihlole imininingwane yazo eku-IRP5/IT3(a) ukuthi iyiqiniso yini.

Labo abahlinzeka ngeminingo ehlinzekwe umuntu wesithathu oseceleni efana nolwazi lwezinhlelo zezokwelapha namabhange nabo kumele bathumele ulwazi olushaya emhlohleni kwaSARS nakumakhasimende abo.

Lokhu kuyizidingo ezisemqoka ukuze uSARS uzokwazi ukuhlinzeka abakhokhintela ngosizo oluphelele futhi olungenazihibe ngokhambisana nempokophelo yethu yokwenza kube lula kubakhokhintela ukuba bathobele imigomo yezibophezelo zabo zentela.

Abaqashi, izisebenzi zentela kanye nalabo abasingatha uhla lwabantu abakhokhelwayo ezinkampanini kumele badawunilode iveshini yakamuva ye-Employers e@syFile. Lo mgudu we-inthanethi ukunika abaqashi ithuba lokuthumela ama-EMP501 abo nge-elektronikhi. USARS ukhuthaza amabhizinisi amancane, asafufusa (ama-SMME) ukuba asebenzise le nkundla basuke ekwenzeni uhla lwabakhokhelwayo ngezandla kodwa baye ohlelweni lohla lwabaholelwayo oluzenzekelayo.

Labo abaqalayo ukufuna imisebenzi nabo bangabhalisela intelongeniso yomuntu siqu ngokusebenzisa i-eFiling. Kuthatha isikhathi esingaphansi kwamahora angama-24

ukuthola umyalezo omfishane i-SMS enenombolonkomba entsha yentela uma ufaka isicelo sakho nge-eFiling.

Ngolwazi olwengeziwe ngolwazi ngesiKhathi sokuThunyelwa kwamaphepha eNtela kwabaQashi vakashela kusizindalwazi sakwaSARS www.sars.gov.za